

UNGQONGQOSHE UVAKASHELE KWAHLABISA UKUYOKWETHULA UHLELO LOKUGOMELA AMATELE

KUVALIWE ukuthuthwa kwemfuyo eMkhanyakude, eZululand naseKing Cetshwayo ukuzama ukunqanda ukubhehetheka kwamatele kulezi zindawo.

Lokhu kumenyezwe ngenkathi uNgqongqoshe weZolimo nokuThuthukiswa Kwezindawo Zasemakhaya uNkk uBongiwe Sithole-Moloi esendaweni yokugoma Ebukhipha Deep Tank ngaKwaHlabisa.

Ungqongqoshe uthe uhulumeni uzokwenza izivimbamgwaqo esikhaleni ezindaweni ezithintekayo ukuqinisekisa ukuthi imiphakathi ithobela le migomo.

Uzwakalise ukukhathazeka



ngokuqhubeka kokuthuthwa kwemfuyo kwaHlabisa ngisho sekumenyezwe ukumiswa kwakho.

“Sinxusa abantu abafuyile nabanikazi bezinkomo ukuthi bayeke ukuthutha izinkomo bezithuthela ukwenza

noma ngabe yimuphi umcimbi ngoba lokhu kubhehhezela isifo. Sinxusa abantu ukuthi bayeke ukuthutha imfuyo ebusuku,” kusho uNkk Sithole-Moloi.

Ungqongqoshe uthe bazosebenzisana nezinhlaka zamaphoyisa

ukuqinisekisa lomkhakhaso wokubhehetheka kwamatele.

U Nkk Sithole-Moloi uthe bewuhlumeni bayawuqonda umphumela ongemuhle walesisinqumo kubanikazi bemfuyo kodwa wagcizelela ukuthi kuseqhulwini ukunqanda ukubhehetheka kwesifo.

Zingaphezu ku-1 600 izinkomo okuhlelwa ukuthi zigonywe, kanti wuhhafu wazo ogonyiwe ohambweni.

U Nkk Sithole-Moloi ukhale ngokwebiwa kwemfuyo okudlangile endaweni, wathi kuphazamisa umkhankaso wokunqanda ukubhehetheka kwesifo.

Uthe isiko lokulobola ngezinkomo

nalo linesandla ekubhehethekeleni kwegciwane kwezinye izindawo.

UBongani Gina, umnikazi wemfuyo, uthe ukugonywa kwemfuyo wusizo obeludingeka emiphakathini yasemakhaya. “Muhle lomsebenzi owenziwa wuhlumeni.

Besikhathazekile ngalesi sifo, ngakho umkhankaso wokugoma uzosisiza kakhulu,” kusho yena.

Uthe ukusukuma kwabanikazi bemfuyo besukumela umkhankaso wodokotela bezilwane, okuyibona abavuse abanikazi bemfuyo, kufanele kushaywele ihlombe.

UMnu Mbhekiseni Mbatha, uSihlalo

woMkhanyakude Livestock Association, uthe ukugoma kuzonqanda ukubhehetheka kwesifo, kuhlenge umnotho wesifundazwe ngoba ukumiswa kokuthuthwa kwemfuyo kushaya iphakethe labafuyi abadayisayo.

Ukugoma izinkomo wumkhankaso kahulumeni wokunciphisa ukubhehetheka kwamatele njengoba imigomo imba eqolo. Kusukela waqala lomkhankaso, uhulumeni usebenzise izigidigidi zamarandi ukugomela amatele esifundazweni.

Lo mkhankaso uzodluliselwa kwezinye izindawo ezisengozini enkulu yokubhehetheka kwamatele.